



Isimemo Sokuphakanyiswa

KWAMAGAMA ABANTU ABANE (4) ABAZOBA NGAMALUNGU EBHODI LESIKHUNGO SEZOKUTHUTHUKISWA KWEMITHOMBO YEZINDABA NGOKWEHLUKANA KWAYO (MDDA)

Kumenywa izikhungo kanye/noma abantu ukuthi baphakamise amagama abantu abane (4) ozongena esikhundleni zamalungu angekho ophikweni lweziphathimandla eBhodini yesiKhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo, ngokwesigaba sesi-4 soMthetho wesikhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo, yowezi-2002 nombolo 14 yowezi-2002).

IsiKhungo sokuThuthukiswa kweMithombo yeziNdaba ngokweHlukana kwayo wasungulelwa ukuthi "imiphakathi eyancisheka amathuba kudala kanye nabantu abangahlinzekelwa ngokwanele abezindaba" bakwazi ukuba nendlela yokuthola izindaba. Abazohlomula abezindaba bomphakathi kanye namabhezini amancane abezindaba.

Ilungu leBhodi kuzoba: • Ngumuntu ozibophezele ebulungisweni, ukukhuluma ngenkululeko, ekuvulelekeni nasekuziphenduleleni • Uzomela wonke umphakathi weRiphabhulikhi futhi kube ukuthi unezicucu ezifanele zemfundo, ikhono nesipiliyoni emikhakheni, efana nalena kweminye abezindaba zomphakathi; izindaba zomphakathi, ezemisebenzi nentuthuko; ezomnotho kwabezindaba, ukuphathwa kwezimali kanye nokulekelelwa ngezimali; ukukhangisa kanye nokuthengisa; ubuntatheli nokuhlelwa kokusakaza; ucwango kwabezindaba; ukuqeqeshwa kwabezindaba, ukwazi ukufunda nokubhala nezemfundo; umthetho wabezindaba; inqubomgomo yolwazi nobuchwepheshe bezokuxhumana; noma amanye amakhono noma izicucu zemfundo ezihambisana nalokhu. Abaphakanyisiwe kumele kube yizakhamizi zaseNingizimu Afrika ezihlala ngokugcwele kuRiphabhulikhi.

Abaphakanyisiwe ababhalwe phansi kumele kube negama eliphelele kanye nekheli lesikhungo kanye/noma lomuntu ophakamisa igama, incwadi esayindiwe yilowo ophakanyisiwe ovuma ukuphakanyiswa kwakhe kanye ne-CV, enaleminingwane elandelayo: • igama eliphelele, inombolo kamazisi kanye nobulili • ikheli lokuxhumana, inombolo yocingo neyefeksi, ikheli le-imeyli • isipiliyoni onaso (ucaphune usuku nenhlango ethintekayo) • amakhophi anesixivizo esiqinisekayo ezicucu zemfundo kanye nomazisi.

Amagama abaphakanyisiwe nemibuzo kumele kuthunyelwe Portfolio Committee on Communications (zibhekiswe kuMnu Thembinkosi Ngoma, uNobhala weKomidi), 3rd Floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000 noma kuthunyelwe nge-imeyli kuleli kheli tngoma@parliament.gov.za noma ngefeksi kule nombolo 0865225740. Imibuzo ngocingo ungashayela le nombolo (021) 403 3733 noma iselula 0837098407.

Usuku lokugcina lwamagama abaphakanyisiwe: nguLwesihlanu, mhla ziyi-6 kuNtulikazi yowezi-2018 ngehora lesi-16:00 ntambama. Sicela niqaphele ukuthi abaphakanyisiwe kuzofanele kuhlolwe izicucu zabo zemfundo kubhekwe nokuphepha. Okuzothunyelwa emva kwesikhathi angeke kwemukelwe.

Ikhishwe nguMnu Humphrey Maxegwana, iLungu lePhalamende: uSihlalo, weKomidi leNdlu yesiShayamthetho kwezokuXhumana.

Parliament. Making Democracy Work.